



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

FEBRUWARI/MASHI 2017

IMEMORANDAMU

AMAMAKI: 70

Leli phepha linamakhasi ayisi-7.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISA**UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISA****1.1 UMBHALO A (Ofundwayo)**

- 1.1.1 Osomathuba yilabo bantu abangamaqili abacabanga ukuthi bangaqola abantu bagcine bengabanjwanga.✓ (1)
- 1.1.2 • Osomathuba baqale bathole ulwazi lokuthi imali yesitokofela izohlukaniswa nini.✓
 • Babayenga ngokuthi bangayizalanisa kanjani imali yabo ukuze yande ngokushesha.✓
 • Babayalela izindawo lapho bengathenga khona amasheya kanti lezo zindawo azikho emthethweni.✓ (3)
- 1.1.3 Yingoba basuke benempilo ebuthakathaka nezifo ezingalapheki esezehlule odokotela bagcine sebesebenzise noma yini okuthiwa iyelapha.✓✓ (2)
- 1.1.4 Izimpahla ezinamagama zigcina sezidayisa ngobuningi ngoba osomathuba bayakwazi ukuzakha zicishe zifane nalezo zangempela. Abantu bathanda imfashini nezimpahla ezinamagama bawuboni kanti aumehluko.✓✓ (2)
- 1.1.5 C/kwenzeke into ayithandayo.✓ (1)
- 1.1.6 Umphakathi kumele usebenzisane namaphoyisa ubike labo bantu abenza imikhiqizo yomgunyathi futhi uphinde ungayithengi le mkhiqizo ukuze labo abangabanikazi bangempela balezi zimpahla bangalahlekelwa.✓✓ (nezinye izimpendulo ezinembayo) (2)
- 1.1.7 Isigaba sesi-3 umbhali ukhuluma ngezimali ezidliwa ngosomathuba zezitokofela namasheya angekho emthethweni.✓ kanti esigabeni sesi-5 umbhali ukhuluma ngezikole ezingekho emthethweni ezenza abafundi bathole imiphumela eyimigunyathi.✓ Ngakho-ke umphakathi ungelulekwa ngokuthi usebenzise izinombolo ezinikezwayo ukuze ukwazi ukuhlola izinkampani nezikole ezingekho emthethweni ngaphambi kokuba ularlekewo yizimali zawo.✓✓ (nezinye izeluleko) (3)
- 1.1.8 Inhloso yombhali ukuxwayisa/uqwashisa/ukuqaphelisa abantu ngobugebengu obunhlobonhlobo obenziwa ngabantu abangamaqili abasebenzisa wonke amathuba abawatholayo ukuze baqole abantu izimali zabo ngezindlela ezahlukene.✓✓ (2)

- 1.1.9 Usisebenzise kahle ngoba isilwane esinguchakijane sinobuqili. ✓ Ngakho-ke sifaniswa nabantu abangosomathuba ngoba nabo bayenga abantu ngezindlela ezinobuqili ukuze bathole imali yabo.✓ (2)
- 1.1.10 Izenzo zosomathuba zidicilela phansi amagugu empilo ahlukahlukene ngokwalesi siqephu.✓ Singabala igugu lebala elinsundu elithunazwa iziphaqulo ezona ibala labantu/igugu lemithi yesintu elithunazwa abelaphi bamanga abangosomathuba/igugu lemali elidicilelwa phansi ngokuthenjisa inzozo eyihaba nengekho emthethweni/igugu lemishado elicekelwa phansi abantu ababulala abalingani babo ukuze bazuze izimali zemishwalense uma sebeshonile.✓ (2)

1.2 UMBHALO B (Obukwayo)

- 1.2.1 Leli gama lichaza ukuthi lo mama wenza izinto ezingakkholakali/ezinokulutha umqondo wabantu asuke ezobasiza ngalokhu okusuke kubakhathaza.✓✓ (2)
- 1.2.2 Umthengi ubuzisia umdayisi inani lesikhwama/lezikhwama asiphethe ngoba akakkholwa ukuthi isikhwama singabiza inani elincane kangaka.✓✓ (2)
- 1.2.3 Umqondo oqukethwe yisigaba sesi-2 kuMBHALO A umayelana nabantu abagulayo abakhohliswa ngosomathuba ekutheni bazobelapha izifo zabo✓ kuyahlobana nesithombe esikhangisa ngomama womlingo ozibiza ngochwepheshe onomoya wamandla okuphilisa.✓ Lokhu kuba nomthelela ongemuhle ekwelapheni izifo ezingalapheki kuleli ngoba ezinye iziguli zigcina sezingsayidl imishanguzo ezinikezwe ngodokotela✓ kodwa zidle le mithi engazelaphi bese ziyashona.✓ (4)
- 1.2.4 Le nkulumo iveza ukuthi laba bafundi kukhona abakusolayo ngalesi sikole okungenzeka ukuthi asibhalisiwe ngokusemthethweni.✓ Ngakho-ke kumele benze ucwaningo noma babikele izikhulu zemfundo ukuze bathole iqiniso ngalokho abakusolayo. ✓ (2)

AMAMAKI ESIQEPU A: **30**

ISIQEPHU B: UKUFINGQA**UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO****UMBHALO C**

Amaphuzu acashuniwe		Amaphuzu owabeke ngamagama akho	
1	'Bhala incwadi yokuzichaza engathemelezi ngemininingwane engaqondene nalowo msebenzi owufunayo.'	1	Incwadi yokuzichaza yakho ayingabi nemidanti engahambisani nomsebenzi owufunayo.
2	'Kubalulekile ukuba ubhale kahle incwadi yokuzichaza yakho ukuze ube sethubeni elihle lokubizelwa inhlolokhono nokuqashwa.'	2	Uma uyibhale kahle incwadi yokuzichaza yakho ungazibeka ethuben elihle lokuthi ubizelwe inhlolokhono.
3	'Yenaba kabanzi ngolwazi oluzuzile kweminye imisebenzi eminyakeni edlule.'	3	Bhala yonke imininingwane emayelana nolwazi oluzuzile kweminye imisebenzi osuke wayenza.
4	'Zinike isineke nesikhathi sokubhala incwadi yokuzichaza yakho.'	4	Bhala incwadi yokuzichaza yakho ngesineke ungaxhamazeli ukuze ugweme amaphutha angacina eyonile bese ungaqashwa.
5	'Bhala incwadi ehambisana nencwadi yokuzichaza, echaza kabanzi ngawe.'	5	Makube khona incwadi yokwendlalela incwadi yokuzichaza yakho.
6	'Qinisekisa ukuthi izinkundla zokuxhumana azisho okwehlukile kulokhu okubhale encwadini yokuzichaza yakho.'	6	Okubhale encwadini yokuzichaza kumele kungashayisani nokuvela kwizinkundla zakho zokuxhumana.
7	'Thembeka ngolwazi olunikezayo ngaso sonke isikhathi.'	7	Konke ozokubhala encwadini yokuzichaza yakho akube yiqiniso elimsulwa ngawe.
8	'Cela umuntu omethembayo akubhekele ukuthi incwadi yokuzichaza yakho ibhaleke kahle.'	8	Nikeza umuntu ozokucwaningela incwadi yokuzichaza yakho enze nesiqiniseko sokuthi ibhaleke kahle.

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**UKUFINGQA NGESIGABA/ZIGABA**

Incwadi yokuzichaza mayingabi nemidanti engahambisani nomsebenzi owufunayo kodwa mayihlabe esikhonkosini. Bhala kahle incwadi yokuzichaza ukuze uzibeke ethuben elihle lokuthi ubizelwe inhlolokhono. Ungakhohlwa ukubhala yonke imininingwane emayelana nolwazi oluzuzile kweminye imisebenzi osuke wayenza phambilini. Ungaxhamazeli uma ubhala incwadi yokuzichaza ukuze ugweme amaphutha angakubeka engcupheni yokuthi ungaqashwa. Makube khona incwadi yokwendlalela ehambisana nencwadi yokuzichaza. Okubhale encwadini yokuzichaza kumele kungashayisani nokuvela ezinkundleni zakho zokuxhumana. Konke ozokubhala encwadini yokuzichaza akube yiqiniso elimsulwa ngawe. Nikeza umuntu ozokucwaningela yona kahle ukuze enze nesiqiniseko sokuthi ibhaleke kahle. (80)

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

Pheqa ikhasi

ANNEXURE A

Indlela yokumaka ukufingqa

Abafundi mababhale inani lamagama abawasebenzisile ngokuyiko.

- **Ukwabiwa kwamamaki:**

- Amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
- Amamaki ama-3 awolimi.
- Amamaki esewonke: 10.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo engacaphunanga njengoba kunjalo.**

- 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimini.
- 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
- 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo ecaphune njengoba kunjalo:**

- 6-7 acashuniwe, awekho amamaki olimi.
- 1-5 acashuniwe, nikeza imaki elilodwa lolimi.

- **Ukubalwa kwamagama:**

- Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
- Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
- Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe (80), kumele kufundwe amagama ama-5 kuphela angaphezulu kwamiselwe bese engabe esabhekwa amagama alandelayo ohlolwayo eqe ngawo.

QAPHELA: Izinkomba zamaphuzu acashuniwe (C) bese kuthi ahunyushiwe (H).

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**UMBUZO 3**

- 3.1 Abafundi banganxenxa ukuthi lesi sikhangisi sikumakhalekhukhwini.✓
Amagama abhaleke kahle, agqamile✓. (2)
- 3.2 Umbali walesi sikhangisi usebenzise ulimi olunxenxayo ukutshela abafundi ukuba basebenzise umakhalekhukhwini ukuze bathole ulwazi olunhlobonhlobo mayelana nekusasa labo. ✓✓ (2)
- 3.3 Uthola ezinye izindaba mahhala hha!✓ (1)
- 3.4 C/Abanokubukisa✓ (1)
- 3.5 Umkhangisi usebenzise amanani aphansi (amarandi ama-2) ukuze abafundi bakwazi ukuthola imiphumela yebanga le-12.✓✓ (2)
- 3.6 Lesi sikhangisi silekelela abafundi ukuba bathole imiphumela yabo yebanga le-12 kalula kanye nolunye ulwazi olungabasiza ukuqhubeka nemfundo yabo.✓✓
(nezinye izimpendulo ezinembayo) (2) [10]

UMBUZO 4: UKUQONDISA EZINYE IZINGXENYE ZEMITHOMBO YEZINDABA

- 4.1 Umbala omnyama uhambisana nezenzo zobubi✓ njengoba nalona wesilisa enikeza owesifazane isibhamu kunokuba amnike umshini abewucelile/eyisigebengu ehlaselwa owesifazane ngesibhamu.✓ (2)
- 4.2 Likhombisa ubudlelwano obuhle yingakho lona wesifazane embiza ngesithandwa sakhe.✓✓ (2)
- 4.3 Asihambisani ngoba isibiyelo senkulomo sikhombisa ukuthi lo wesifazane ukhululekile uxitshela ukuthi ukhuluma nesithandwa sakhe kanti sekuyisigebengu/kanti umyeni wakhe usefuna ngisho ukumbulala.✓✓ (2)
- 4.4 Umdwebi wale khathuni udlulisa umyalezo wokuxwayisa abantu ukuthi singazitsheli ukuthi uma sisezindlini sisuke siphephile ngaso sonke isikhathi ngoba izigebengu ziyakwazi ukuthi zingene singanakile bese zigila imikhuba/Ungajikelwa umuntu ohleli naye endlini afune ukukulimaza.✓✓ (2)
- 4.5 Uphumelele kahle ngoba inkulomo eyethulwa owesifazane okule khathuni ikhombisa uthando✓ kodwa isenzo sakhe sokwamukela lo mshini abewucelile engabhekile kumenza abukeke njengomuntu ongaqapheli/organaki.✓ (2) [10]

UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

- 5.1 Abalele✓
Balala abazali bethu kobandayo savuka sazithatha.✓
(neminye imisho enembayo) (2)
- 5.2 Asibakhumbule laba bantu.✓
Laba bantu singabalibali./Singabalibali laba bantu✓ (2)
- 5.3 Lesi sakhi sinikeza umqondo wokwenzeka.✓ (1)
- 5.4 Uzalo✓
Kubalulekile ukuthi umuntu aluthande uzalo lwakhe.✓
(neminye imisho enembayo) (2)
- 5.5 C/Ungazifaki engozini ngoba uthembe idlozi.✓ (1)
- 5.6 Umama udamane ethela amanzi ebhodweni ukuze lingashi.✓✓
(neminye imisho enembayo) (2)
[10]

AMAMAKI ESIQEPU C: 30
AMAMAKI ESEWONKE: 70